# Banumzane, Sithanda Ukubona uJesu

Baba waseZulwini, sihlenga isikhathi nje manje uze Ufike. Imvuselelo enkulu esiyijabulele ngokumangalisayo, eshanele esizweni sonke nasemhlabeni jikelele, sekuze kwathi imililo yemvuselelo yashisa kuzo zonke izizwe phansi kwezulu. Umhlaba jikelele, ngalesisikhathi, yizinkonzo ezinkulu zokuphilisa eziqhubekayo, yonke imini nobusuku, nasemhlabeni jikelele, yaqala eminyakeni embalwa edlule. Abantu abaphansi nje bephuma, bekholwa, futhi baletha imvuselelo. Baba waseZulwini, manje sesikhothoza emadolobheni akithi nasesizweni sonke sakithi. Ngabe bakhona abanye, Nkosi, ongakangeni na? Uma kuba njalo, Nkulunkulu wethu, sikhulekela ukuthi Uzobathumela. Uma ibakhona imiphefumulo eDallas, enokuhlengeka, siphe khona, Nkosi, ukuthi ngandlela thize, enye indlela, Uzobathola ngalomhlangano.

2 Asicatshangwa kakhulu kangako phakathi kwezwe, futhi sibheke lokho. Kodwa ngenkathi iNkosi yethu ifika emhlabeni, kanjalo nayo Yayingacatshangwa kakhulu impela. Kodwa kwakunezigidi ezweni ngalesosikhathi, futhi abambalwa nje abaYizwa. Kodwa wonke lowo owayekade egcotshelwe ukuPhila, baYizwa. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngobuqotho, ukuthi Uzonikeza, kulobubusuku nangomhlangano, bonke labo abashiywe eDallas bengenalo uPhawu lukaNkulunkulu ebunzini labo, siphe khona ukuthi bazongena, ngokwenkazimulo bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

3 Ngikhulekela ukuthi Uzophilisa bonke abagulayo nabahluphekile kulo lonke izwe lapha, onokukholwa.

4 Busisa owethu odumileyo, omncane, uMfowethu Grant. O, ukumbona eqine kakhulu kangako! Leyondoda encane ebhidlikelwe yimpilo yayo phansi ngqo, imi emigqeni yomkhuleko, ebuqothweni obujulile, nenhliziyo yami iyamzwela. Ngijabula kakhulu ukubona, Nkosi, ukuthi Umbusise ngokumangalisa kakhulu. Makuthi isandla saKho sesihawu sibe phezu kwakhe, nabobonke labo abakulelizwe abaKuthandayo nabalindele ukuFika kwaKho.

5 Busisa iZwi laKho. Futhi, Baba, sikhulekela ukuthi uJesu qobo lwaKhe uzoza kithi, ngesimo e—esikhulu ngempela, ngendlela yangempela kakhulu ukuthi akuzukubabikho namunye wethu ohluleka ukuMbona, futhi kwangathi bonke labo Obagcobele ukuPhila baKwemukele. Kwangathi labo

abagulayo baMemukele, futhi kwangathi bangaphiliswa ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

6 Manje sizama ukukhipha izinkonzo phakathi kwelesishiyagalolunye nalapho ligamenxe elesishiyagalolunye, ngenxa yesi—sixuku, futhi ukuze nikwazi ukubuya kusasa ebusuku. Into nje encane yesimo, kulobubusuku, ngifuna ukuthatha umBhalo engiwufunde izikhathi eziningi. Futhi une . . .

7 Ngabe bakhona abantu lapha ongakaze abe khona kweminye yemihlangano na? Phakamisani izandla zenu, asibone. O, he, lokho ngokwangempela ngamaphesente angamashumi ayishiyagalombili noma angamashumi ayisishiyagalolunye e—endlu, noma abantu endlini, akaze babe semhlanganweni. Ngiyajabula ukuba nani okwalesisikhathi sokuqala.

8 Manje, noma ubani uyazi ukuthi akukho-muntu ophilisa omunye. Akukho ngisho nodokotela ongakuphilisa. Ukuphilisa kungokukaNkulunkulu. "NgiyiNkosi Ephilisa zonke izifo zenu." Akukho-dokotela oyokutshela ukuthi unomuthi oyokuphilisa. Uma ekwenza, ukutshela okungesikho.

9 Ngoba, iZelamani zakwaMayo, engxoxiswaneni maduze nje . . . Ngenkathi loDonny Morton ephiliswa eCanada, abakwaMayo base bemenqabile, okwenzeka eWest Coast. Nikubonile kwiReader's Digest. Babenami enhla lapho ngengxoxiswano, base bethi, "Asizisho ukuthi singabaphilisi, Mfowethu Branham, kuphela sizisho ukuthi silekelela imvelo."

10 Munye uMphilisi, lowo nguNkulunkulu. UNkulunkulu nguYena kuphela Ongakha izicubu, enze ukuphila, ngakho-ke akukho-emandleni omuntu ukwenza lokho. Udokotela angalihlela ithambo; noma akunike umuthi ukuba abulale ngophoyizeni amagciwane, ukuthi ufaka okuningi kangaka kulo, nekhubalo ukuvimbela ukukubulala, futhi abulale igciwane kanjalonjalo. Angakwenza lokho. Kodwa inyama edabukileyo, noma ithambo elephukile, ama apendiksi elikhishiwe, iapendiksi, angeke akuphilisa lokho. Kuthatha uNkulunkulu. UNkulunkulu uyaphilisa. Umuntu angakususa okuthize okukubangelayo, uma kunokwenzeka ukususa lesositho, angasikapuluta, anqamule imithambo yegazi futhi adonse lokho, noma akhiphe leyonyama, leso yisicubu esizimilelayo, njengethumba, umdlavuza, noma into ethize. Uma engahle akuthole, angakususa lokho. Kodwa ukuphilisa, angeke, futhi uyokutshela lokho.

11 Futhi, manje, ukuphilisa kungokukaNkulunkulu yedwa. UNkulunkulu yedwa usithengele ukuphiliswa kwethu. Kukithi ukwenza yonke into esingayenza, empilweni yethu, nangandlela zonke uNkulunkulu asiphe zona, ngokuphiliswa kwethu, kodwa nguNkulunkulu ophilisayo. Uma uNkulunkulu ekubizela ukuba

uye eKhaya, kulobubusuku, akukho-muthi owenele ezweni oyokugcina ulapha. Akukho lutho oluzokugcina lapha. Futhi uma Ekunqumele ukuba uhlale emhlabeni, akunandaba ukuthi zingaki izinyanga ezelaphayo ethi uyahamba kulobubusuku, awuhambi. Ngakho nje konke kukuNkulunkulu.

12 UNkulunkulu ungukuPhila, ukuPhila okuPhakade. "Ekuqaleni wayekhona uNkulunkulu." Wayengesuye uNkulunkulu ngalesosikhathi, ngoba *unkulunkulu*, igama lesiNgisi elithi *unkulunkulu*, lisho "into ekhonzwayo," futhi kwakungekho lutho kodwa kunguYe. WayePhakade, OPhakade nje. Kwakungekho-nyanga, kungekho-zinkanyezi, kungekho-ziNgelosi, kungekho lutho. Kodwa kulobu uBukhona, esibubiza ngo "Nkulunkulu uBaba wethu," kwakuyizingxenye ezingehlukaniseki. KuYe kwakuyingxenye engehlukaniseki yokuba nguBaba, kuYe kwakuyingxenye engehlukaniseki yokuba nguNkulunkulu, kuYe kwakuyingxenye engehlukaniseki yokuba yiNdodana, kuYe kwakuyingxenye engehlukaniseki yokuba nguMsindisi, kuYe kwakuyingxenye engehlukaniseki yokuba nguMphilisi, nazo zonke lezizinto esizibona manje kuveza nje obala izingxenye ezingehlukaniseki zaKhe.

13 Manje, uma wawusekucabangeni kwaKhe, ekuqaleni, uma unokuPhila okuPhakade, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade. UkuPhila okuPhakade kwakungenasiqalo futhi akunasiphelo. Ngakho uma unokuPhila okuPhakade, wawuyingxenye engehlukaniseki yokucabanga kukaNkulunkulu kungakabibikho lutho kodwa Yena.

14 Isimo sakho, ukubumbeka kwakho, nokukho manje, yisithunzi sesithombe nje, uma usunyukela lapha emashumini amabili, iminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala. Wawuyisithunzi sesithombe, nokufa kukhulisa isithombe sibe ngokwangempela, "ukuthi uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile." Niyabo?

15 Lokhu, kuveza obala nje, manje kukhombisa okwenziwayo. NjengoNkulunkulu eba nguNkulunkulu ngenkathi Edala iziNgelosi. Uba yiNdodana ngenkathi Edala uKristu Jesu. Uba nguMsindisi ngenkathi uJesu efa. Uba nguMphilisi ngenkathi "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Niyabo?

16 Zonke lezizinto ziyizingxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu, ukuze kuthi nje e—ekupheleni, iBhayibheli lathi, uJesu wathi, "Niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; Ngikini, nani nikiMi." NguNkulunkulu eba ngophathekayo. Umkakho uqobo, wena nomyeni wakho, yisithunzi nje, isithunzi sesithombe sangempela sikaNkulunkulu noMkaKhe, iBandla. Niyabo, yingxenye engehlukaniseki nje kaNkulunkulu ivezwa obala ngezithunzi nezifanekiso, njengoba iTestamente eLidala lalinjalo kweLisha. Niyabo? Manje-ke

ekupheleni, konke kuphetha, uNkulunkulu engophathekayo. UNkulunkulu ekuKristu, ephatheka, wenziwa inyama, wakha phakathi kwethu. Futhi kulesosikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane ezayo, uNkulunkulu esesimweni sikaKristu, uhlezi phezu kwesihlalo sobukhosi sikaDavide; neBandla, uMlobokazi waKhe, uMyeni neNkosikazi bendawonye.

17 Ngani, kukakhulu impela, kwenele ukokhela ngomlilo inhliziyo yekholwa; kulamahora amakhulu esiphila kuwo, lapho onke amathemba nezizwe, nayo yonke enye into, ibuthukela phezu kwethu, phansi kwethu, sinoMbuso. Sibhaphathizelwa kuloMbuso.

18 Manje sizothatha loMlayezo omncane okwesimiso, kulobubusuku, ukwethula engifuna nikubone emihlanganweni. Sifunda ku, ngiyaxolisa, kuJohane oNgcwele isahluko 12 nevesi 20. Nendikimba yendaba yethu—yethu, isalokhu, kusukela ekuqaleni, injengoba injalo kulobubusuku, naphezu kwayo yonke incwadi yethu efundwayo nayo yonke into, amaHeberu 13:8, "UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade."

> Manje *kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*
>
> *Lawo-ke eza kuFiliphu, waseBetsayida . . . acela kuye, athi,* Banumzane, *sithanda ukubona uJesu.*

19 Manje nanko umbuzo esiwubuzayo kulobubusuku. Uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, nalamaGreki, abeZizwe, bacela ukuMbona, futhi wavunyelwa ukukwenza ngomunye wezinceku zaKhe, futhi uma Esalokhu enguyena izolo, namuhla, naphakade, kungani singaMboni kulobubusuku na? Niyabo? *Banumzane, Sithanda Ukubona uJesu.*

20 Manje ngiqinisekile, kunoma yiliphi ikholwa, bekungaba yinto exhuxhumisa kakhulu impela yenhliziyo yalo, ukuqinisekiswa kokukholwa kwalo, ukuthi uma ngempela belingabona futhi lazi ukuthi belimi eBukhoneni bukaJesu Kristu. Ngicabanga ukuthi bekungaba yinto emangalisa kakhulu impela ukuthi—ukuthi noma yimuphi umuntu, noma yiliphi ikholwa, ebelingacabanga ngakho; ukwazi, futhi lazi ngokuyikho, ukuthi limi ngqo eBukhoneni be—beNkosi uJesu Kristu, uMehluleli walo onesizotha, uMhlengi walo, futhi uyoba nguMehluleli walo ekwaHlulelweni.

21 Manje lombuzo wabuzwa. LamaGreki ayenyukele ukuzokhuleka, futhi mhlampe ayengamaproselite enkolweni yamaJuda. Futhi ayesenhla emkhosini, ngakho afanele ukuthi ayekade engamaproselite. Futhi ayezwile ngoJesu. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nangokuzwa ngeZwi likaNkulunkulu."

22 Manje, ndawo ndawo emBhalweni, ayengenakungabaza ukuthi ayezwile noma afunda ngokuthi uMesiya wayezoba njani. Ngakho azi ukuthi uma ayezo . . . LoMuntu ozisho

ukuthi unguMesiya, Wayezodingeka abe nezingxenye ezingehlukaniseki uMesiya ayezoba nazo.

23 Manje, kwakukade kube nabaningi, kwakukade kube nomesiya bamanga abaningi ababevukile, siyazi kwakukhona ngisho oyedwa owayegama linguJesu owavuka nje phambi KoGcotshiweyo. UMesiya wayengogcotshiweyo, okuchaza "uKristu," u. . . u—uMuntu ogcotshwe ngoMoya oNgcwele, ukugcwala kukaNkulunkulu, kwakunguMesiya, uNkulunkulu kuMuntu. Umuntu noNkulunkulu baba munye, ngenkathi uNkulunkulu engena kuMuntu.

24 Manje, lamaGreki ayenosikisiki kakhulu lokwazi. Ayezwe ezinye izinto ezinkulu ngaloMfo Owenza lezizisho, futhi ngiyawazisa ngembangela yokuba qotho ngokwenele ukuba abuke phakathi phezu kwakho. Ngiyacabanga, ukuba sonke besingenza okunye futhi kwalokho, sibuke phakathi phezu kwalokho esizwa ngakho, bese sikwehlulela ngokweZwi.

25 Manje, uNkulunkulu akayiguquli neze indlela yaKhe yokwenza izinto. Uhlala njalo elokhu engendlela eyodwa. Manje, Angeguquke, ngoba isinqumo sokuqala sikaNkulunkulu singesaKhe; uzohlala njalonjalo enalesosinqumo, uma Ebizelwa enkundleni, njenganamhlanje.

26 UNkulunkulu wabizelwa enkundleni ngenkathi isono siqala ukwenziwa ensimini yase-Edene, futhi Wadingeka enze isinqumo ukuthi Wayezomhlenga kanjani umuntu. Futhi Wenza isinqumo saKhe ngokumhlenga ngeGazi elichithekile laLowo ongenacala, futhi Akakaze akuguqule. Sizamile ukubafundisa, sakhe imibhoshongo namadolobha, namasayense ezenkolo nezimfundo, na—namahlelo amabandla, futhi sabahlelela kukho; futhi akuzange kusebenze, futhi akusoze kwasebenza. UNkulunkulu usindisa umuntu ngeGazi elichithekile loNgenacala. Akakuguquli neze, akunandaba ukuthi sicabanga kangcono kanjani ngendlela. Kungukuthi, leso yisinqumo sikaNkulunkulu.

27 Futhi Angesenze isinqumo, into eyodwa namhlanje, nenye into kusasa. Uma Enza isinqumo esisodwa, Uphelele. Akadingeki neze ukuba abuyele kuso. Uma uNkulunkulu esho noma yini, iqinisile Phakade, ngoba UPhakade namaZwi aKhe aPhakade.

28 UNkulunkulu, azi isiphelo ekuqaleni, ngakho-ke Wabela ezweni laKhe—laKhe ingxenye ethize yeZwi lesizukulwane ngasinye lapho zifika. Wathumela abaprofethi eTestamenteni eLidala, siyafundiswa kumaHeberu 1, "UNkulunkulu, esekhulumile endulo kobaba, ngabaprofethi; ngalomuhla wokuphela ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu." Manje uma sizowuhlola lowomBhalo kahle ngempela!

29 Ngenkathi uJesu esesemhlabeni futhi wathi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, baMlahla ngecala. Wathi, "NingaNgilahlelani

ngecala uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu, nibe nibiza labo iZwi eleza kubo ngo, 'nkulunkulu'?" UAbrahama wayethathwa ngokuthi ungunkulunkulu, uElija wayengunkulunkulu, uIsaya wayengunkulunkulu, ngoba iZwi likaNkulunkulu leza kubo. Futhi babeyibo, ngengxenye, onkulunkulu. UJesu wathi babeyibo. Wathi, "Nibabiza ngo 'nkulunkulu.'"

30 Manje, niyabo, ngenkathi indoda yayigcotshiwe, njengoJosefa, wayefanekisa uKristu; ngenkathi uMose egcotshiwe, wayefanekisa uKristu; ngenkathi uDavide egcotshiwe, wayefanekisa uKristu. Konke kuholela kuKristu, futhi Wayengukugcwala kweZwi. IZwi labonakaliswa kuYe. WayeNgoGcotshiwe ophelele. BabenaLo ngezingxenye; sinaLo ngezingxenye. WayeNgogcotshiwe. Lonke icebo likaNkulunkulu lalilele kuYe. Icebo likaNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuhlenga izwe elilahlekile, lalikuYe. WayeyiZwi, futhi Usalokhu eyiZwi, "onguyena izolo, namuhla, naphakade." Khumbulani, Weza kobaba, ngabaprofethi, Wazenza waziwa ngabaprofethi; futhi manje-ke ngalomuhla wokuphela, ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu. WayenguNkulunkulu obonakalisiweyo.

31 Qaphelani, iZwi njalo liza kumprofethi. UNkulunkulu akazange asebenze ngeqembu labantu. Ngumuntu ngamunye Asebenza ngaye. Wasebenza ngemihla kaNowa, ngoNowa. Wasebenza ngemihla kaMose, ngoMose. Wasebenza ngemihla kaElija, ngoElija, ngoElisha noElija. NgoIsaya nalabobaprofethi, lapho beza behla ngomnyaka.

32 Kwase kuthi-ke ngenkathi Elapha, Wabonakaliswa ngokugcwele; hhayi kubaFarisi, abaSadusi, kodwa kuJesu Kristu. WayeyiZwi. Yingakho Wakwazi ukusho Akusho. Lokho yizinkulumo-mbiko Ayengazenza. Manje, lamaGreki ayazi ngalokhu, niyabo.

33 Unyaka ngamunye, uNkulunkulu wabele iZwi elingaka, namabandla akudidanisa konke, manje-ke Uthumela umprofethi phakathi kwawo futhi uqinisekisa leloZwi. Kufana nje nanoma yisiphi esinye isikhathi, siyakhuluma namhlanje futhi sithi amaMethodisti . . .

34 AmaLuthela athi, "Uma ukholwa, yilokho kuphela ofanele ukwenze; ulungisiswa ngokukholwa, kholwa." Abaningi bathi babekholwa, futhi babengenaKho. Siyakwazi lokho.

35 Kwase kufika uWesley nalokho okwakubizwa ngokuthi, "umsebenzi wesibili womusa," ukungcweliswa, "Wonke lowo omemezayo, futhi bangcwelisiwe, unaWo." Abaningi bamemeza, futhi babengenaWo.

36 Sekufika iPentekoste, yathi, "Wonke okhuluma ngezilimi, unaWo." Abaningi bakhuluma ngezilimi, futhi babengenaWo.

37 Sekufika iSayense yamaKristu, futhi yathi, "Wuthando, isithelo sikaMoya." Abaningi babo ukhombisa isithelo sikaMoya, futhi abanaWo.

38 LabobaFarisi babengakhombisa kayishumi isithelo uJesu ayengasenza. Benikwazi lokho na? Manje ukubake bengingathatha, asithi . . . NoNkulunkulu angithethelele, kodwa ngizothatha olunye uhlangothi, ngizothi, "KunoMfo lapha eDallas, uMfo osemncane nje ovumbuke ezansi lapha, engaveli ndawo, e . . . umjondolo omncane ezansi lapha, oZibiza ngomProfethi, ezansi eGalile. Nangu, ehambahamba. Nginidonsele ndawonye ninabantu ukunikhombisa ukuthi yini engalungile. LoMuntu uzisho ukuthi ungumProfethi."

39 "Manje kukhona engifuna ukunibuza khona. Ubani owafundisisa kusukela ebuntwaneni kuya phezulu, ngaphandle kompristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu na? Kwakungubani owama ngakuyihlo nonyoko, ngenkathi uzalwa, ngaphandle kompristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu na? Kwakungubani abakugona ngezingalo zabo, futhi wakusoka futhi wakunikela eNkosini, ngosuku lwesishiyagalombili, ngaphandle kompristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu na? Ubani oza kuwe uma ugula futhi ungodingayo, ngaphandle kompristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu na? Kwakungubani owafundisisayo futhi wazinikela, yonke impilo yabo yasebusheni, ukufunda yonke imithetho nezinto, ngaphandle kompristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu na? Wavelaphi loMfo osemncane, loJesu waseNazaretha na? Waya kusiphi isikole na? Ungowayiphi inhlangano na? Yiliphi ikhadi lenhlanganyelo Aliphetheyo na? Alikho. Manje into kuphela Ayenzayo ngukugxeka labo abanalo. Ungubani loMfo empeleni na?"

40 "Nani bosomabhizinisi! UJehova wayedinga iwundlu libe ngumhlatshelo, igazi. Nompristi wenu omdala omesabayo uNkulunkulu wenze ezinye izindawo zokuthengisela phandle lapho. Ninabafo ningabahwebi, futhi nithengisa usilika nezinto, futhi wenza indawo phandle lapho ukuze nina bahwebi nikwazi ukukuthenga ngemali yenu, iwundlu, ukulinikelela izono zenu. Wenzani loMfo osemusha na? Wenyukela lapho futhi wakhahlela lezozinto wazigumbuqela; wababuka ngentukuthelo, wababhaxabula, wagumbuqela amatafula abashintsh'imali. Beningabiza lokho ngesithelo sikaMoya na? Qhabo, kufanele nithi qhabo, ezama ngisho nokunivimbela ukuba nithole ukusindiswa; igazi lenu, igazi uJehova ayelidinga. Lokho bekungeke kube okukaJehova!" Niyabona ukuthi Kwakungezwakala kungelona iqiniso kanjani na?

41 Abazange yini labobapristi ngalolosuku, noma labobaprofethi, ngenkathi uJehoshafati noAhabi behlala ndawonye, nabapristi abangamakhulu amane abaqeqeshwe kahle, bevela esikoleni, benyukela lapho base betshela

uAhabi nabo, "Lelozwe lingelenu. Akulungile ukuba a—amaFilisti agcwalise izisu zawo ngokolo ongowakwaIsrayeli. UNkulunkulu uSomandla usinika leli. Futhi ISHO KANJE INKOSI, yenyuka!"

42 Kodwa niyazi, uJehoshafati wayeyindoda yokomoya, lokho akuzwakalanga nje kahle. Wathi, "Awusenaye omunye ongahle ubuze kuye na?"

43 Wathi, "Nginaye oyedwa, kodwa ngiyamzonda." Ya. Impela. Wathi, "Uhlala njalo eprofetha okubi. Ugxeka abantu bethu, kuyoyonke into ayenzayo. Akayikuvumelana nabo bonke abanye."

Wathi, "Inkosi mayingasho njalo, kodwa mkhiphe."

44 Futhi ngenkathi uMikaya omncane indodana kaImla ephuma, wabona umbono. Waqhathanisa umbono wakhe neZwi. Futhi ngenkathi ebona umbono wakhe neZwi ukuthi kwakundawonye, wathi, "Yenyuka, kodwa ngibone uIsrayeli ehlakazeka njengemvu engenamelusi." Niyabona ukuthi ubani owayeqinisile na? Empeleni babenento ethile, nalelozwe lalingelabo, kodwa lalingelabo phansi kwemibandela.

45 Futhi senzenjalo neZibusiso, zalomuhla wokuphela, zingezalelibandla, kodwa kuphansi kwemibandela. Ufanele uhlangabezane naleyomibandela. Uma ungahlangabezani, ungaba nazo zonke izinhlobo zezinkonzo zokuphilisa, izinkonzo zokumemeza, izinkonzo zokudumisa, izinkonzo zezithelo, izinkonzo zokukhuluma ngezilimi, futhi akuyikukusiza ngalutho nhlobo. Ufanele uze embandeleni kaNkulunkulu.

46 Yingakho lamaGreki wayenokufisa ukubona loMuntu. Ayazi eZwini ukuthi lokho uMesiya ayefanele ukuba yikho, futhi ayefuna ukuMbona. AyengabeZizwe. Ayekade ezwile ngaYe, futhi ayefuna ukuMbona.

47 Manje, uma ayefuna ukuMbona futhi anikwa inhlanhla, anicabangi ukuthi lapha eDallas, kulobubusuku, uma Asho emBhalweni, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade," futhi sifisa ukuMbona, anicabangi ukuthi Ubengasinika okufanayo na? Khumbulani, uma Engakwenzi, khona-ke Akusikhona izolo, namuhla, naphakade. Ngikholwa ukuthi Uyafana. UNkulunkulu ngalomuhla wokuphela wenzele abantu izinto ezimangalisayo!

48 Kungikhumbuza inqwaba ngowesifazane, lapha kungekudala, eLouisville, eKentucky. Wayanomfana omncane othi akabe, o, neminyaka emibili noma emithathu ubudala. Nomfo omncane wayene . . . kufanele ukuthi wayekade engenwa yi—yinkathazo yengqondo. Futhi wayekade emthathe wamyisa kudokotela, nodokotela wayemnyangile isikhashana. Futhi wayebonakala eya ngokuba mubi kakhulu, kuye. Kodwa kudokotela, wathi, "Ngikholwa ukuthi usengcono."

49 Ngakho wamnika itesti yesayini. Wamyisa esitolo sezinto zosheleni, wayesecosha into ethize encane eyayifanele ikuhehe ukunaka kwalomfanyana, futhi a—akangayibuka. Wayeseya kwenye ikhawunta, wayesecosha into ethize eyayifanele ikuhehe ukunaka kwakhe, isibhamu esiyithoyizi elincane noma into ethize, futhi—futhi kwakusalokhu kungakuhehi ukunaka kwakhe. Futhi wenza konke ayekwazi, nabantu baqala ukubhekisisa owesifazane eba nokuhayiza. Useya endaweni-ke eyayine—nensimbi ekhencezayo, wayeseyicosha leyo wayeseyinyakazisa, ngokuhayiza, phambi kwamehlo akhe, wayesethi, "S'thandwa, buka!" Nomfo omncane wayevele agqolozele emkhathini nje. Wayeseyiwisa phansi into encane, futhi uqala ukudazuluka. "O, qhabo! Qhabo," wadazuluka.

50 Futhi abanye abantu esitolo baya komsiza, nokuthola ukuthi yini eyayingalungile. Wathi, "Umfanyana wami, udokotela uthi ungcono, kodwa akangcono. Noma yini ebifanele ukuheha ukunaka kwakhe, ngomfanyana onjalo, ayimhehi. Ukuphela ugqolozela emkhathini."

51 Ngicabanga ukuthi lokho kuthole isimo sebandla lethu lingena kukho. UNkulunkulu unyakazise zonke iziphiwo Azethembisa eBhayibhelini, phambi kwethu, futhi sisalokhu sigqolozela emkhathini, sengathi sibuka enye into. Kubonakala kuyisimo sokomoya sebandla, ukuthi bayehluleka ukubona ihora abaphila kulo. Babheke amadlingozi athize noma into e. . . into eqhele kude le enkathini ezayo. Umuntu nanininini wenza lokho; uhlala njalo ebusisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, abheke phambili ngalokho Azokwenza, futhi enganaki Akwenzayo. Niyehluleka ukubona ihora esiphila kulo!

52 Yilokho lawomaGreki ayefuna ukukwazi, ukuthi ihora laliyini nokuthi lowoMesiya wayefanele ukuba yini. Ingxenye yomBhalo eyaziswa lowomuhla, uma lowoMesiya agcwalisa lokho, lobo ngubufakazi obubonakalayo! IZwi eliqinisekisiwe lehora lingubufakazi obubonakalayo; akusikho ukuthi Wayezofanele abe nezithelo zikaMoya, Wadingeka abe u—ummeli ezinkantolo zo—zobulungiswa, kwabaKhe, noma omunye wabaFarisi noma izinhlangano zabaSadusi. Wayengukubonakaliswa kweZwi elithenjisiwe likaNkulunkulu lalelohora.

53 Niyafuna ukubona ukuthi yini isithelo sikaMoya na? Bhekisisani ukuthi iBhayibheli lithembisani okwehora elithize, manje-ke bhekisisani lokho ukuthi kuyaqinisekiswa. Lobo ngubufakazi obubonakalayo. UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, YiYo efakaza ngaMi. Yilokho okufakazisa ukuthi NginguBani."

54 Siyabheka manje, umBhalo owodwa ngaphambi kokuba singene kwenye into. UJesu washo, ngenkathi Eselapha emhlabeni, eNcwadini kaLuka, ukuthi, "Njengoba kwenzeka

emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," manje qaphelani, "futhi njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, phambi kukazamcolo." Manje uJesu wayefunda iBhayibheli elifanayo wena nami esilifundayo. Nazo zonke lezozinto zaziyizithunzi. Manje uma nifuna ukuthola ukuthi kwakunjani ngaphambi komuhla kaNowa, buyelani emuva futhi nifunde uGenesisi. Wathi nje, "Babedla, bephuza, begana, beganiselana."

55 Kodwa uma niqaphela, buyelani emuva futhi nifunde uGenesisi 6 futhi nithole lapho ukuthi kwenzekeni, siyabona emuva phakathi lapho, ukuthi, "Lapho amadodana kaNkulunkulu ebona ukuthi amadodakazi omuntu mahle, azithathela kuwo abesifazane," izinkantolo zezahlukaniso. Amadodana kaNkulunkulu! "Indoda edumileyo," indoda enegama elikhulu.

56 Bukani namhlanje, izikhulu zethu—zethu, zendoda enkulu yezwe, njengalenkosi enkulu eNgilandi maduze nje, iphephabhuku i*Life* yayithwele indatshana yakho, zafunyanwa zinalababahhunduli bezingubo, kanjalonjalo. Bukani umbusi wethu omkhulu waseNew York, nawo onke amanye amazwe jikelele, ezimilweni ezimbi. Bukani isehlukaniso. IMelika ihola izizwe ngesahlukaniso, lonke izwe jikelele. Bukani abesifazane, ukuthi bagqoka kanjani futhi baphumele emgwaqeni; nokuthi ukanjani owesilisa, yona impela into yokuqala ecatshangwa kakhulu cishe impela, namhlanje, yinto enesimilo esibi. Yonke imibungazo, kosikilidi, uwiski, noma kuyoba yini, noma omunye umdlalo othize, noma okunye. . .kuzoba nomunye wesifazane onesimilo esibi kukho. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa!"

57 UJesu wathi, "Futhi njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma!" Khumbulani, Washiya lokho kodwa. Ake sifanekise iSodoma. Kwakunezigaba ezintathu zabantu ezweni, njalo; lokho ngamakholwa, abazenzisi, nabangakholwa. Bakuwo onke amaqembu. Sizokhuluma ngakho mhlawumbe ubusuku obubodwa, iviki lonke. Kodwa ngalesosikhathi, kwakukhona ongakholwayo, abaseSodoma; kwakukhona umzenzisi, okwakunguLoti neqembu lakhe; futhi kwakukhona ababizelwe ngaphandle nabakhethiwe, okwakunguAbrahama, owayengekho eSodoma.

58 IziNgelosi ezintathu zehla ngaphambi nje kokuba kufike indodana ethenjisiweyo. Ukuthi, uAbrahama wayegongobalile, futhi wayekade ebheke indodana ethenjisiweyo; noLoti wayekade esesikhohlwe sonke isithembiso, futhi waphumela eSodoma; nabaseSodoma abamkholwanga, endaweni yokuqala. Kodwa manje qaphelani, ngokunye ukusa okushisayo, iziDalwa ezintathu zehla zivela eZulwini. Futhi lapho zenyukela kuAbrahama, Esinye sazo sasala naye. Nezimbili zazo zehlela eSodoma, ukubizela ngaphandle okwakushiywe eSodoma,

uLoti nabo abahamba naye, futhi Wathola kuphela abathathu; abayisishiyagalombili emihleni kaNowa.

59 Manje leyo yinkulumo-mbiko ethe ukuqina yalolusuku oluzayo, "njengoba kwenzeka," abathathu nabayisishiyagalombili.

Qaphelani, kwakukhona esiSodwa, nokho, esasize kuAbrahama.

60 Manje lesi esehlela eSodoma, si. . .zashumayela ezansi lapho, lezo ezimbili ezangena lapho, zashumayela futhi zabatshela ukuthi isikhathi sasesifikile, izwe labeZizwe lalizoshiswa liqedwe. Manje bukani isithombe seSodoma kulolusuku; hhayi uNowa, amanzi; kodwa lesisikhathi umlilo, ukubhubhisa izwe labeZizwe.

61 NaweZizwe amakholwa eqiniso abheke iNdodana ethenjisiwe, iNdodana kaNkulunkulu, futhi silindile. Abekho eSodoma. Babizelwe ngaphandle.

62 ISodoma yayiyilelolunga lebandla elisivivi. Futhi kwakukhona okufana noBilly Graham wesimanje owehlela eSodoma, phakathi kwamahlelo, uOral Roberts. Futhi baphakathi lapho begqonqa, ngeVangeli, elababaphuphuthekisa. Bhekisisani isibonakaliso asenza ezansi lapho, labo.

63 Manje bukani kuAbrahama, okhethiweyo, eqenjini lakhe, esiSodwa esahlala emuva lapho futhi senza isibonakaliso kubo.

64 Niyazi, kuwo wonke umlando wezwe, wonke umlando webandla, akukaze nakanye, ukuthi noma yimuphi umguquli, kumbe noma yiyiphi indoda, eyake yaba ne—nenkonzo enkulu kwabeZizwe, igama labo elake lagcina ngo h-a-m, njengo A-b-r-a-h-a-m, sekuze kwaba manje. Lowo nguG-r-a-h-a-m, izinhlamvu eziyisithupha. UAbrahama yizinhlamvu eziyisikhombisa. Izinhlamvu eziyisithupha, G-r-a-h-a-m. UBilly Graham, umvuseleli omkhulu osezansi lapho eSodoma, phakathi kwalawomabandla amahlelo, ebizela ngaphandle angababizela. Sibe noBilly Sunday, uFinney, uSankey, uMoody, uKnox, uCalvin, kanjalonjalo, kodwa asikaze uG-r-a-h-a-m kumbe noma ubani ogcina ngo h-a-m, akukaze ngaphambili. Kunoyedwa ezansi lapho ebandleni ngegama nje, eSodoma, eligcina ngo h-a-m, kuchaza ukuthi, "ubaba ezizweni."

65 Manje-ke kwakukhona esiSodwa esahlala enhla lapho noAbrahama, Esahlala nethende lakhe, sifulathele ithende, futhi Sathi, "Abrahama," hhayi Abrama, owayenguye ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho. "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" S-a-r. . .r-a-h, hhayi uS-a-r-a-y-i, niyabo. "Uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

66 Sathi, "Ngizokuvakashela. Ngi," Ngi, isabizwana somuntu, "zokuvakashela ngokwesithembiso eNgikunika sona."

67 NoSara, eneminyaka eyikhulu ubudala, ethendeni, wahlekela ngaphakathi, ethi phakathi kwenhliziyo yakhe, "Ngingakwenza kanjani mina, sengigugile, ngibe nenjabulo futhi nenkosi yami, nayo isigugile, uAbrahama, njengomusha, noma abantu be—bempilo yokuba nocansi ukuthi kwase kwaphela eminyakeni eyadlula na?" Wayesenamashumi ayisishiyagalolunye, noAbrahama wayenekhulu. Wathi, "Ngibe nenjabulo nenkosi yami, yona isigugile, nayo na?"

68 NeNgelosi, iSithunywa esasiya ebandleni likamoya, yakubona okufihlakele ayenakho, akusho enhliziyweni yakhe. Futhi Yathi, "Ukungabazeleni uSara lokhu, niyabo, ethi enhliziyweni yakhe, 'Lezizinto zingenzeke na'?"

69 NoSara wazama ukukuphika. Kodwa lokhu wayeyingxenye ka Abrahama . . . Ukungakholwa kwakhe kwakuyomlahla, kodwa uNkulunkulu wayengenakumthatha, ngoba wayeyingxenye ka Abrahama. Ibandla ngabe kade lalahlwa, kodwa liyingxenye kaKristu.

70 Qaphelani isibonakaliso Eyasenza, isho ayekwenza, Imfulathele. UJesu wathi lokho kuyophinda, "ngezinsuku zokufika kweNdodana yomuntu." Sibona uBilly Graham, sibona umlilo usulungele ukwehla, ibandla libheke iNdodana ethenjisiweyo. Futhi silapha, yonke into isemgqeni ngempela, silinde lelohora: INdodana ethenjisiweyo uku . . . Futhi khumbulani isibonakaliso sokugcina uAbrahama asibona: I . . .

71 Futhi thina esizalwa nguMoya kaKristu, siyiNzalo yobukhosi ka-Abrahama. UJesu wethembisa ukuthi iNzalo yobukhosi ka-Abrahama iyobona isibonakaliso esifanayo ubaba wabo uAbrahama asibonile, ngaphambi kokuba kufike iNdodana ethenjisiweyo. Asibange sisabakhona esinye futhi isibonakaliso. UAbrahama; khona manjalo uSara waba ngumama, noIsaka wafika. Isibonakaliso sokugcina kwaba nguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni yomuntu.

72 Manje omunye wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu!"

73 Awu, uAbrahama wathi Kwakunguye. WaMbiza ngokuthi, "Elohim." Futhi buka bese ubona ukuthi alipelishiwe yini ngosonhlamvukazi uL. Ubone uma ekuqaleni kwasekuqaleni, kungafani njengoba kwakunjalo, "Ekuqaleni, uNkulunkulu wadala . . ." *Elohim*, "Owenele konke."

74 UNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo eBandleni laKhe, phakathi kwabantu baKhe. UJesu wathi . . . Nangu uNkulunkulu wabonakaliswa kuMuntu, uJesu Kristu, "nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ibandla ledlule kuzo zonke izinhlobo zezibonakaliso. Awu, manje-ke nxa uNkulunkulu enyakazisa isibonakaliso sokugcina phambi kwabo, bagqolozela emkhathini. UNkulunkulu asihawukele! Sinesikhathi esingakanani esinye somusa esinaso na? Mhlawumbe kuleyithi

kunoma sicabanga. Khumbulani isicaphuno sami sokuqala; abantu bayoqhubeka ngqo becabanga ukuthi bayasindiswa, kuyafana njengeSodoma.

75 Wayeyini na? Abonani lawomaGreki kuYe na? Wayeyini na? Noma ngabe yini ayibona kuYe ngaleyonkathi, noma ngabe yini ayeyibhekile, afanele ukuthi ayibona.

76 Manje bukani kuDuteronomi isahluko 18, ivesi 15 kuya kwelama 20, uMose. UNkulunkulu watshela uMose lokho. NoMose watshela abantu, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami. Kuyakuthi, ongayikuMuzwa, anqunywe phakathi kwabantu." UNkulunkulu akaliguquli neze icebo laKhe.

77 Manje lawomaGreki ayebheke umProfethi. Manje, ayekade engenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, selokhu kwaba nguMalaki. Kodwa lawomaGreki ayazi ukuthi leloZwi elithenjisiweyo lalolosuku lifanele libe ngumProfethi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami."

78 Isizathu, iZwi liza kuphela kumprofethi, hhayi kokunye okungelutho kodwa i. . .Bangaki okuqondayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Bukani, kuphelele kakhulu ukuthi ngenkathi uJohane wayengumprofethi emi emanzini amaningi, ebhaphathiza, noJesu weza kuye emanzini, iZwi leza kumprofethi. WayeyiZwi, futhi Weza kuJohane emanzini. UNkulunkulu akayiguquli neze inqubo yaKhe, Akayiguquli neze indlela yaKhe. UnguNkulunkulu ongaguqulekiyo. Manje, amabandla awakukholwanga lokho, nhlobonhlobo, kodwa lokho akulumisanga uhlelo lukaNkulunkulu. Lwaqhubeka ngqo.

79 Manje, uPetru, uyise wayengumFarisi. Akungabazeki, uAndreya, engumlandeli kaJohane, waMuzwa ethulwa.

80 Wathi, "Nango uMesiya, ngibona ukuKhanya phezu kwaKhe, njengejuba liza phezu kwaKhe," wafakaza. Wathi, "Owangitshela ehlane, 'Hamba ubhaphathize ngamanzi,' wathi, 'Lowo oyobona uMoya phezu kwaKhe, lokho kuKhanya, njengejuba lehla.'" Mhlampe kwakuyiNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwaIsrayeli ehlane, iza phezu kwaKhe, ngoba lowo kwakungoGcotshiweyo, iZwi-mcabango. Leza phezu kwaKhe, wayesethi, "Ngiyafakaza, lona nguMesiya!"

81 Ngakho uPetru weza noAndreya, emhlanganweni.

82 Ake sithole ukuthi Wayeyini. Futhi uma sithola ukuthi Wayeyini, khona-ke sizokwazi ukuthi Uyini manje. Nokuthi bakuqonda kanjani ngaleyonkathi, kufanele kube yindlela efanayo ukukuqonda namhlanje, ngoba Unguye zolo, namuhla, naphakade. Manje ngemuva lesithembiso saKhe, nakhu Ayeyokwenza. Qaphelani.

83 Manje siyathola, ukuthi ngenkathi uPetru enyukela ezethamelini, lapho uJesu ayekhona; uJesu, engakaze ambone ngaphambili, wajika wayesembuka, wayesethi, "Igama lakho nguSimoni, uyindodana kaJonase." Akusikho kuphela ukuthi Wamazi, kodwa Wazi uyise omdala omesabayo uNkulunkulu owayemyale ngokumfundisa. Futhi uPetru, engenamfundo eyanele ukusayina igama lakhe, ethathwa njengongazi lutho nendoda engafundile, okwamthokozisa uNkulunkulu ukumenza umbhishobhi eJerusalema, noJesu umnika izihluthulelo kuwo uMbuso futhi wamenza inhloko yebandla. Lendoda, phezu kwalesisambulo esembuliwe, yazi ukuthi uMesiya wayezoba khona, yathi, yaMqonda njengoMesiya, yase iwa ezinyaweni zaKhe, ngoba Wenza lokho.

84 Kwakunoyedwa omi lapho, ogama linguFiliphu. Akudingekanga ukuba kwenzeke kuye. Kodwa wayenothisha weBhayibheli ayemazi kahle ngempela, ogama linguNatanayeli. Uma nizomaka izindawo lapho uJesu ayekhona ngaleyonkathi, kwakungamamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba, cishe izinsuku ezimbili. NoFiliphu uyahamba futhi ufumana uNatanayeli ephansi komuthi, ekhuleka, wayesebuya naye. Akungabazeki, ukuba besingabhobokela engxoxweni yabo, behambisana, bathi, "Bukani, ozayo, niyaMbona esimfumene; uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

85 Wathi, "Manje, kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?"

86 "Buka, uyakhumbula, siwufundile umBhalo, uMesiya uzoba ngumprofethi."

87 "O, impela, iBhayibheli lasho njalo, uMose. Singabafundi bakhe. Wathi iNkosi iyovusa umProfethi onjengaye."

88 "Kulungile, manje, uJesu waseNazaretha uyilowomProfethi. Uyamkhumbula lowomdobi omdala, uSimoni, ngapho na?" "Yebo." "U—wayeyindodana kaJonase." "Yebo." "Wena wake wathenga izinhlanzi kuye kanye, futhi akakwazanga ngisho nokusayina irisidi." "Yebo."

89 "Wenyukela phakathi kwaKhe, Wayesethi, 'Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase.' Bekungengimangaze uma Engazi konke ngawe nxa ufika."

90 A, uNatanayeli wadingeka akubone lokhu, ngakho wenyuka noFiliphu. Angiqageli ukuthi wangena emgqeni womkhuleko. Angahle ukuba wahlala ezethamelini, noma wama ezethamelini, noma ngabe kwakuyikuphi. UJesu wayekhulekela abagulayo.

91 Futhi kwathi nje uJesu angaphosa amehlo kuye, Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye." Manje, Akamazanga ngendlela ayegqoke ngayo. Bonke abantu baseMpumalanga bagqoka ngokufanayo, nemishuqulu namasandali, ne—nezingubo ezishwibeka ngokukhululeka, benentshebe. Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso

kuye." Manje, wayengahle abe okaMohamede, wayengahle abe yi. . . wayengahle abe ngumTeki, wayengahle abe yinoma yini enye, kodwa Wazi kanjani ukuthi wayengumIsrayeli futhi kwakungekho-nkohliso kuye na? Futhi kwavele kwambohlisa nje.

Wayesethi, "Rabi, Ungaze kanjani na?"

92 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Kwakuyilokho-ke. Lokho kwakwenele.

93 Nakho kwakulapho. Nango uMesiya wayelapho. Wathi, "Wena unguKristu, iNkosi kaIsrayeli." Mhlawumbe umelusi wakhe wayemi lapho, kodwa akuzange kumkhathaze.

94 Kwakunalabo bemi lapho, bathi, "LoMuntu unguBelzabule." Babefanele baphendule enhlanganweni yebandla labo, niyazi. Bathi, "LoMuntu wenza lokho ngamandla kadeveli. Ungumbhuli noma into ethize."

95 UJesu wathi, "NiNgibiza ngalokho, igama elibi; imisebenzi kaNkulunkulu, igama elibi na?" Wathi, "Nisho lokho ngeNdodana yomuntu, Ngizonithethelela. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika," lonyaka, "ukwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, kanjalo nasezweni elizayo." Yilokho Akusho. Ngiyakholwa ukuthi Akushoyo kuqinisile.

96 UFiliphu waqonda, ngalokho. Ngani na? Kwakukhona lokho, emva kweminyaka emide bengenamprofethi, futhi lapha loMuntu wamazi, futhi wazi ukuthi yini eyayingalungile, nalokho ayekade ekwenza.

97 UJesu (Ngokushesha manje, singakavali.), ngoluny'usuku, Wayehlela eJeriko, elaliphansi kwegquma. Kodwa Wayeswelekile ukuba edlule ngaseSamariya, futhi Wahamba indlela ukuzungeza umuzi ogama liyiSikari.

98 Manje kunezizwe ezintathu zabantu. Kholwa ofuna ukukukholwa, kodwa zikhona. Lowo nguHamu, uShemu, nabantu bakaJafete. Manje qaphelani, ngenkathi amaJuda, ayebheke uMesiya. NomSamariya wayeyiJuda noweZizwe uhhafu, babebheke u—uMesiya. Kodwa oweZizwe, thina Anglo-Saxon, sasingabahedeni, amaFilisti noma yibaphi, niyabo.

99 Kodwa qaphelani, Uza kuphela kulabo abaMbhekile. Uzophilisa kuphela, kulobubusuku, labo abaMbheke ukuba abaphilise. Uzosindisa kuphela labo ababheke ukusindiswa.

100 Futhi Mqapheleni manje njengoba Ethuma abafundi emzini omncane waseSikari, ukuba bayothenga u—ukudla okungumphako. Besahambile, omuhle, owesifazane osemncane uyaphuma, futhi wayengowesifazane onegama elibi. Besingambiza, namhlanje, mhlawumbe ngeseqamgwaqo. Abazali bakhe ngahle ukuba bamkhipha eseyintombazane encane, futhi yileyondlela ayeziphilisa ngayo, kodwa

kwakunento ethize enhliziyweni yalelonenekazi elincane. Ufika cishe ngeleshumi nanye nqo, ngoba wayengenakuza nawo onke amanye amantombazane. Uma noma ubani ake, lapha, waba seNdiya nasemazweni aseMpumalanga, njengoba amasiko engaguquki neze, angeke azimatanisa ndawonye, abantu abakahle nababi. Ngakho a . . .

101 Uyenyuka, noJesu wayehlezi lapho. Endawaneni obona ndawo zonke ngasikhathi sinye into enjengalena, imivini imila ngale kwingemuva lodonga. Nomthombo womphakathi womuzi wawulapho, nabantu baphumela ukuzokha amanzi. Futhi uphuma cishe sekusemini impela, ukuzokha amanzi akhe. Ngenkathi, amantombazane efika kusesekuseni ekuseni, ukuzokha amanzi, futhi asenhla lapho enza iwashingi yawo nezinto ezinjalo. Indlela yakhe yokuziphilisa yayiyindlela ehlukile. Ngakho ufika ngasemini, ukuzokha awakhe, ngenkathi amantombazane ingasekho lapho, ngokuba wayekade exoshiwe emthonjeni.

102 Futhi njengoba yena, enganake-muntu ohlezi lapho, wafaka ihhuku elincane phezu kwembiza wase eyehlisa ngesigwedlo, emthonjeni, wayeseqala ukuwadonsela phezulu. Wezwa iphimbo lithi, "Sifazane, Ngiphuzise." Wayeseqalaza laphaya, futhi kwakukhona uMuntu ehlezi lapho, okwakuyiJuda.

103 Ufanele ukuthi Wayebukeka emdadlana kunalokho ngempela Ayeyikho, ngoba Wayenamashumi amathathu kuphela, cishe amashumi amathathu-nantathu, neBhayibheli lathi, "Wayebukeka enamashumi amahlanu." Niyazi, amaJuda athi, "Wena unguMuntu ongakevi emashumini amahlanu, futhi uthi U 'bone uAbrahama'?"

Wathi, "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA." Niyabo?

104 Ngakho intshebe yaKhe ifanele ukuthi yayisithe ukuqhakaza kancane, noma okuthize, lapho ebuka. Futhi waMbuka. Umsebenzi waKhe ufanele ukuthi wawube nomthelela omkhulu kakhulu phezu kwempilo yaKhe yangokomzimba. Futhi wathi . . .

Wathi, "Ngiphuzise."

105 Wayesethi, "Akusilo isiko kuwe Samarit- . . . noma kini maJuda ukuba nicele thina besifazane baseSamariya umbuzo onjalo."

106 Wayesethi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi."

107 Manje wathi, "Umthombo ujulile." Wayenzani na? Wayexhumana nomoya wakhe, niyabo. UBaba . . .

108 Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza." Manje kukhumbuleni lokho. Kubhaleni phansi lokho emabhukwini enu, niyabo. UJesu akazange

enze into eyodwa waze Wabona embonweni ukuthi akenzeni. Kunjalo. Hhayi *ukuzwa*; "eNgi*bona*." "INdodana ingenze lutho kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, khona-ke lokho iNdodana iyakwenza kanjalo." Wakwenza ngokukwenza samdlalo wasesiteji. Akukho-muntu ongenza noma yini ngaphandle ngempela kodwa lokho akutshelwa uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze. Manje qaphelani, noYise mhlampe waMtshela ukube enyukele eSamariya.

109 Kwase kuthi-ke lona wesifazane wakhuluma kuYe. Wathi, waqhuba ingxoxo, ukuxhumana nomoya wakhe. Kwase kuthi-ke ngenkathi Wayekade exoxa ngoku "khuleka lapha eJerusalema," into yokuqala uyazi, Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Sonke siyazi ukuthi yayiyini. Wayenamadoda amaningi kakhulu. Futhi ngakho Wathi, "Hamba ulande indoda yakho bese uza lapha."

Wayesethi, "A—anginandoda."

110 Wathi, "Usho kahle, ngokuba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho."

111 Futhi bhekisisani lona wesifazane, qaphelani, naye ekulesosimo. (Ngabe ngihlala isikhathi eside kakhulu, eside kakhulu na?) Yena ekulesosimo, wayazi kakhulu ngeBhayibheli langempela kunoma isigejane esikhulu sabashumayeli senza namhlanje. Futhi Uthi nje angabona . . . Angahle ukuba wacabanga ukuthi kwakuyi—yindoda ibona isimo sakhe, futhi—futhi wayefuna uku . . . wayefuna ukumhlakaniphela ngento ethize, wayesethi, "Anginandoda!"

112 Wathi, "Usho kahle. Unayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

113 Masinya leyombewu emiselwe ngaphambili ilele enhliziyweni yakhe yokheleka. Wajika, wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Kade singenaye oyedwa iminyaka engamakhulu amane, Uyazi. Siyazi." O, Dallas, ungakugeji lokhu! "Siyazi. Sibheke uMesiya, Othiwa nguKristu. Futhi uma Efika, yilokhu Azokwenza. Lokhu kuzoba yisibonakaliso saKhe."

UJesu wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

114 Phezu kwalokho, wawisa imbiza yamanzi, wayesesuka eya emzini, wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Lona kungebe nguye impela uMesiya na?" NeBhayibheli lathi bamkholwa uJesu ngenxa yalokho okwakushiwo ngowesifazane.

115 Manje yileyondlela Azikhomba Yena uqobo enguMesiya; hhayi ngenxa yendlela Ayegqoke ngayo, ngemfundo yaKhe, ngekhadi lenhlanganyelo, ngokuhlonishwa kwaKhe phakathi komuntu. UNkulunkulu wayekuYe, ebonakalisa iZwi Alethembisa. Wathi kuJohane oNgcwele 5:39, "Hlolani

imiBhalo, ngokuba kuyo nithi ninokuPhila okuPhakade. Yiyona efakazayo, noma, enitshela ukuthi NginguBani."

116 "Ofanayo izolo, namuhla, naphakade." Mfowethu, dadewethu, niyizethameli ezithandekayo, ubungakhuluma ubusuku bonke. Niyabona ukuthi uJesu wayeyini ngaleyonkathi na? Wabonakaliswa, lowo kwakunguNkulunkulu ebonakaliswa kuMuntu othiwa nguJesu Kristu, oyiNdodana kaNkulunkulu, ethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa," zonke ezinye izinkundla zibekwe ngokuyikho du, "kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." "Nguye izolo, namuhla, naphakade." O, bandla, ningagqolozeli, kodwa kholwani yiNkosi uJesu Kristu! *Banumzane, Sithanda Ukubona uJesu.* Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, ningathanda ukuMbona na? "Banumzane, si . . . " BeningaMbheka kanjani na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza into efanayo.

117 Manje, umuntu ubengenyukela lapha nezibazi zezipikili ezandleni zakhe, igazi nentuthu, namafutha ephuma kuye. Lokho bekungeke kwakwenza. Noma yimuphi umzenzisi angakwenza lokho. Impela.

118 Kodwa okuyikho, ngukubonakaliswa kwaleliZwi elithenjisiwe. WayengumProfethi kaNkulunkulu ogcotshiwe. Wa—WayenguNkulunkulu-mProfethi. Wayenguye. Bonke abaprofethi ayeyikho (Yena . . .), kwakukuYe, kuhlangene nakho konke lokho uNkulunkulu ayeyikho. UNkulunkulu wayekuKristu enza ukuba izwe libuyisane naYe. WayenguNkulunkulu, uEmanuweli, ukugcwala kukaNkulunkulu kwaziswe thina, kuMuntu weNdodana yaKhe uJesu Kristu, ingxenye engehlukaniseki yesibili kaNkulunkulu.

119 Qaphelani, manje, Uyaphila namhlanje. Akafile. Uyaphila. Wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe," i*kosmos*, "ukuma kwezwe kuyoNgibona . . . " bona; u-s, o-e abaphindwe kabili, "lisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi," u Ngi yisabizwana somuntu futhi, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe, noma ekupheleni kwezwe lapho lemiBhalo uzogcwaliseka khona." Kwehle njalo, kade kunguNkulunkulu esakholelwa kuYe onyakeni kaLuther, uNkulunkulu Owamemeza o—onyakeni kaWesley, uNkulunkulu Owakhuluma ngezilimi onyakeni wePentecostal. Wehla ngqo ngaphambi kokuba kufike iNdodana ethenjisiwe, ukufakazisa umBhalo waKhe. Wonke umBhalo uzofanele ugcwaliseke. *Banumzane, Sithanda Ukubona uJesu.*

Asikhothamise amakhanda ethu.

120 Baba waseZulwini, sithanda ukubona uJesu. Makeze kulobubusuku, Nkosi Jesu. Woza ngamandla okuvuka kwaKho. Kade ngikhuluma isikhathi eside, kodwa izwi nje noma amabili avela kuWe ayosho okukhulu kunawo onke abengashiwo yinoma ubani, futhi-ke ungalivumeli iBandla lilale. Makuthi

i . . . Ukuzibonakalisa kokugcina kukaNkulunkulu, njengoba Athembisa, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, ngaphambi kokuba umlilo wehlele kwabeZizwe, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Isithunzi, isithunzi sesithombe sangempela nesithombe sangempela kusondelana ndawonye kakhulu, kuze kuthi emva kwesikhashana kuyobakhona isikhathi sokuhlangana.

121 Sibona izizwe ziyahlangana, okubizwa ngenhlangano yezizwe i U.N. Amabandla ayahlangana, uMkhandlu weNkolo yonke yobukristu uhlangana neVatican. Onke amabandla ehlangana ndawonye, amakholwa nabangakholwa. Ezabasebenzi zihlangana nezinyunyana zabasebenzi.

122 Nkosi, iBandla aliphaphame futhi libone ukuthi yisikhathi sokuhlangana, ukuthi uJesu uhlangana neBandla laKhe, iNdoda neNkosikazi. Masinya umgubho uzokwenzeka futhi bazoba Munye. Njengoba Enyakazisa isibonakaliso sokugcina kithi, noma asikhombise isithembiso saKhe, kwangathi singabona uJesu futhi siMkhazimulise, ngokuba kuseGameni laKhe esikhuleka kulo. Amen.

123 Manje ngizoba yi, mhlawumbe, nginemizuzu eyishumi ukuba ngiphume ngesikhathi, uma wonke umuntu ezosabela. Manje noma ngabe ngubani onekhadi lomkhuleko, angizukuba nesikhathi ukufinyelela kubo bonke kulobubusuku. Sizofinyelela kubo, masinya.

124 Manje uBilly ulapha ndawondawo, ngiqinisekile. Ngezinye izikhathi abawanikezeli ngisho amakhadi, kodwa ngikholwa ukuthi ungitshele ukuthi u . . . Unawo amakhadi omkhuleko, awunawo na? Phakamisani izandla zenu. Ya, kulungile, umkhuleko . . . [Akuqoshwanga eteyipini. Omunye uthi, “L, wokuqala.”—Umhl.]

125 L, L, kulungile. Ngabe leyo yileyondoda egulayo, egula kakhulu, lapho na? Kulungile. L, wokuqala, yima ngapha. L, wesibili, ukuphi na? Owesibili, uphi owesibili na? Ungasiphakamisa isandla sakho? Kulungile, yenyukela ngapha. Yinenekazi.

126 Umfana uyeza uyehla. Nakhu okwenzekayo. Uyeza uyehla, futhi phambi kwezithameli, uthatha lamakhadi bese ewaxubanisa onke ndawonye, bese-ke eninikeza ikhadi njengoba nilifuna. Noma ubani angabanalo ikhadi, bese-ke ubiza ngaleyonombolo. Lokho kukhombisa umfana ukuthi akazi ukuthi bazobizelwaphi. Ngesinye isikhathi thina, abaningi benu lapha bangahle bakhumbule, sasinendoda eyayithengisa amakhadi omkhuleko emhlanganweni, nalokho kuyomqinisekisa umuntu ukuthi uyoba semsamo. Futhi nangaphandle kwalokho, ngezinye izikhathi ngiqala ngelokuqala, futhi ngezinye izikhathi ngiqala ngelamashumi amahlanu, ngezinye izikhathi ngiqala ngeleshumi nane,

amashumi amabili, ishumi nesithupha, bese-ke ngihlehla bese ngidonsa ambalwa lapha. Bangaki oke waba semihlanganweni futhi wakubona lokho kwenziwa na? Ngani, impela. Niyabo? Lelokhadi lomkhuleko alihlanganise lutho nawo. Futhi abaningi bayaphiliswa khona lapho abangenalo ngisho nekhadi lomkhuleko.

127 Elokuqala, elesibili, elesithathu. Ubani onelesithathu na? Ikhadi lomkhuleko lesithathu, phakamisa isandla sakho. Emuva lapho, inenekazi. Yenyukela lapha, nenekazi. Elesine. Uma ungenakusukuma manje, sizokuthwala. Elesine. Uma abanye . . . Ngiyabona kunohlaka lombhede omncane lapha nezihlalo ezinamasondo ezithi azibe mbili zihleli zizungezile. Uma ungenakuza, sizothwala. Elesine. Elesihlanu, ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Makuthi labo beze manje, ngezinombolo nje, uma bengaphumelela. Ake sibone. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Ngabe lokho kubatholile na? Lokho kukutholile. Ake sime khona lapho nje, umzuzwana nje. Sinesikhathi esifishanyana nje. Angithandi neze ukuba kuphunywe sekwedlule ukugamanxa kwelesishiyagalolunye.

128 Manje, bangaki khona lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uJesu akuphilise, futhi uyazi Angakuphilisa na? Phakamisa isandla sakho. Anginandaba uma ukuvulande osesitezi, noma ngabe ukuphi. Manje bukani, uma unga . . .

129 Lowo wesifazane owathinta ingubo . . . Besabamisa ngomugqa. Lowo wesifazane owathinta ingubo yaKhe, wayengenakhadi lomkhuleko, mhlawumbe, kodwa wathi . . . Manje lalelisisani manje. Wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, "Ngiyamkholwa lowoMuntu. Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngiyophila." Wayenomopho. Bangaki oyikhumbulayo indaba na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wathi nyelele wadabula esixukwini, mhlawumpe wayehamba egaqa phakathi kwabo, owesifazane omncane ophaphathekile ohlala ngokugula, futhi wathinta ingubo yaKhe.

130 Nengubo yabasePalestina ihamba idedelekile. Wayengeke neze akuzwe lokho. Ngangingeke ngizwe uma wawungathinta iphakethe lami, nebhantshi lami lingenela liqine. Kodwa lezozingubo zabasePalestina, futhi banengubo engaphansi. Futhi wathinta ingubo yaKhe.

131 Futhi Wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Wabuyela emuva waphumela ezethamelini. Wathi . . .

132 "Ngani," uPetru wathi, "Nkosi, lokho akuzwakali kahle. Wonke umuntu uyaKuthinta."

133 Wathi, "Kodwa Ngiyabona Ngibebuthakatha. Amandla, ukuqina, aphumile kiMi." Bangaki okukhumbulayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

134 Wayeseqalaza ezethamelini Waze wamfumana. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Kunjalo na? ["Amen."]

135 Manje bukani, befundisi, ngabe iBhayibheli liyasho yini ukuthi, "UJesu Kristu," amaHeberu 3, "ungumPristi oMkhulu khona manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu na"? [Abefundisi nebandla bathi, "Amen."—Umhl.] Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? ["Amen."] Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengenza kanjani namhlanje na? Njengoba Enzile izolo. Impela.

136 Manje, wena, uyabo, bekungesize ngalutho ukungithinta. Bengiyoba njengomfowenu, umyeni wakho, uyihlo, noma kungaba yini. Bekungebebikho mandla kimi. Kodwa uma wena, ukukholwa kwakho, kungaMthinta, khona-ke Mbhekisise ephenduka. Kuzame nje. Ungakuzami; lokho kukhulu kakhulu namhlanje, okokuzama. Kwenze!

137 Manje hlonipha ngokuzithoba ngempela, thula. Manje imizuzwana embalwa nje izosho. Lezizinto engizishilo, kuzwakale kahle; kodwa, uyabo, ngabe ziyiqiniso noma qha na? Leyo yinto elandelayo. Ngabe konke lokhu . . .

138 Ngizwa abakaMohamede bexoxa, amaSikhs, amaJains, uBuda, o, he, abakaMohamede, kodwa bangeke . . . Bangaxoxa ngento eyayikhona, kodwa kuthiwani ngemanje na? Niyabo? Uma Enge . . .

139 Uma EnguNkulunkulu womlando, Akalungile kithi namhlanje, uma EnguNkulunkulu womlando kuphela. Uma Engesuye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke iBhayibheli lasho into engesiyo.

140 Manje, uma Engangifaka entandweni yaKhe yokuzithoba, Angakufaka entandweni yaKhe, khona-ke esebenza phakathi kwethu, niyabo, yilapho Amandla kaNkulunkulu efika khona.

141 Manje, uma leyondoda igula, ngifuna yona ihlale ngqo lapho ekhona. Futhi manje ningayibona ezethamelini na? Ihlezi khona lapha.

142 Lethani isihlalo sayo khona phezulu lapha uma nifuna. Kodwa ungathanda ukuhamba uze ngapha, mnumzane na? Kulungile, woza khona lapha nje bese uhlala phansi. Letha isihlalo khona lapha, Mfowethu Grant, uma uthanda, ukuze indoda ikwazi ukuhlala lapha umzuzwana nje. Kulungile, manje hlala khona lapho nje, mnumzane.

143 Kade ngiyiqaphela indoda imizuzu embalwa, isithi nje ayiquleke. Ifanele ukuthi igula kabi. Angazi. Futhi ukuba bengazi futhi ngingayisiza, futhi ngingakwenzi, khona-ke

angifanele ukuma kulomsamo lapha futhi ngikhulume kini bantu, nina maKristu.

144 Kodwa indoda mhlambe ayindala njengami. Nalokhu ngokwethu . . . Mhlambe asazani. Awungazi, ngiyethemba. [Umfowethu uthi, "Yebo, ngiyakwazi."—Umhl.] Uyangazi. Kodwa angikwazi. ["Ngangisenkonzweni eJonesboro."] O, wangibona eJonesboro, cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu eyedlule, ngenkathi ngilaphaya emhlanganweni. Yebo, mnumzane. ["Impela ngangikhona."] Awu, leso kwakuyisikhathi esikhulu laphaya. Ngikholwa ukuthi lowo kwakunguMfowethu Richard Reed. ["Yebo, mnumzane."] Ehhe.

145 Manje uma lendoda ehlezi lapha izwa ubuhlungu, ukuba bengingayiphilisa futhi ngingakwenzi, bengingaba nhloboni yomuntu na? Kodwa angikwazi ukuyiphilisa. Kodwa manje ukuba besingathanda ukubona uJesu, noJesu ubemi lapha efake lesudu yezingubo Angipha yona, manje uJesu ubengathi, "Woza lapha futhi Ngizokuphilisa"? Manje qaphela, uma ulazi iBhayibheli lakho, uyabo. Qhabo, mnumzane. Usevele ukwenzile; Ubengekwenze namhlanje. Usevele ukwenzile, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu," ngemivimbo yaYo sisindisiwe thina, "ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina," njalo. Kulungile. Manje, kodwa uJesu ubengazimememezela Yena uqobo, ukuba azise lendoda ukuthi yini inkathazo yayo, noma into ethize indaba, noma into ethize eyenzile. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nalokho bekungayenza yazi ukuthi uKristu ubelapha.

146 Isizathu, angiyazi. Nazi izandla zami ziphakeme, ngi . . . ithe yayisemhlanganweni waseJonesboro. Lokho kwakuyiminyaka eyishumi nanhlanu edlule. Angi—ngikaze ngiyibone indoda empilweni yami, ngokwazi kwami. Ingahle ukuba ihlezi emuva, kusasa . . . Awu, angazi lutho lapha.

147 Ngikholwa ukuthi ngiyazi ukuthi lona nguMnu. Way ehlezi khona lapha. INgisi lihlezi khona lapha, engilaziyo, elawa lafa ebandleni lami, ngoluny'usuku, eJeffersonville, eIndiana; elawa lafa. Nango umkalo, lapha ndawondawo, ongumhlengikazi. Ngisakhuluma, indoda yawa yafa, yawela khona lapho, yafa. Ngehla ngase ngibeka izandla phezu kwayo, nansi imi. Niyabo? Niyabo?

148 Ukuba nje bengingathola inhlangano yebandla ithule isikhathi eside ngokwenele uMoya oNgcwele uze wehle. Ningaxhuxhumi. Hlalani nithule nje, niyabo.

149 Manje, mnumzane, ngifuna ubuke phezulu ngapha, umzuzu nje. Kade ngikhuluma, futhi ngi—ngilapha ukuba ngikusize manje. Futhi uma ngingakusiza, ngizokwenza konke engingakwenza.

150 Manje engikushilo lapha emBhalweni, uNkulunkulu ubophezelekile, ngoba ngikholwa ukuthi lolu yizinsuku

zokugcina; uNkulunkulu ubophezelekile uku—ukugcwalisa leloZwi, futhi yilokho Athembisa ukukwenza. Futhi uma Ebengakwazi ukungitshela okuthize okwenzile, noma okuthize okungalungile ngawe, noma ukuthi uze ngani lapha, noma ngabe kuyini, ubuzokwazi ukuthi ngabe lokho kuyiqiniso noma qha. U—u—ubuzofakaza kulokho.

151 Kodwa manje uma ngenyukela lapha futhi ngabeka izandla phezu kwakho, ngithi, "Udumo kuNkulunkulu, usuphilisiwe! Udumo kuNkulunkulu." Lokho bekungalunga, lokho kulunge ngokupheleleyo, uma ukukholiwe.

152 Kodwa uma-ke Ekutshela okwenzile, noma enye imbangela, isizathu sokuthi uyagula, noma into enjengaleyo na? Khona-ke ubuzokwazi, uma Ebengakutshela obekuyikho, Ubezokwazi ngempela ukuthi—ukuthi kuzoba yini, bekungaba ngokuqinisileyo. Yebo, mnumzane.

153 Niyakukholwa lokho, zethameli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje ngenzani endodeni na? Ngizama ukuxhumana nomoya wayo, njengoba nje iNkosi yethu yenza emthonjeni, kulowo wesifazane. Angiyazi. Angikaze ngiyibone. Manje kunabaningi phakathi lapha, abagulayo, abaningi bekhuleka.

154 Futhi manje, Baba waseZulwini, sithatha bonke omoya phakathi lapha phansi . . . Ngiyalawula, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, ukuze imiBhalo yaKho igcwaliseke. IBhayibheli lathi ingakho uJesu aphilisa, "Ukuze kugcwaliseke imiBhalo." Futhi yingalesosizathu Ukhombisa isihawu ngalolu izinsuku zokugcina, "ukuze kugcwaliseke imiBhalo." Sisanda kukhuluma ngaYo, kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi, eGameni likaJesu. Amen.

155 Manje ngibuke, umzuzwana nje, ukubona nje uma iNkosi izokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho. Futhi uma Ezokwenza, uzo . . . uma Engitshela ukuthi yini inkathazo yakho. Ubukeka sengathi ugula kakhulu. Uma Engangitshela ukuthi yini engalungile ngawe, noma okuthize, uzokholwa-ke, uyazi kufanele kube nguYe.

156 Bangaki ezethamelini abazokholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

157 Into eyodwa, ingukuthi, uphethwe ngokumangalisayo yi, yisibhono. Lesosibhono siyakugulisa. Kunjalo. Uyabo? Uyabo? Manje lokho kunjalo na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo.

158 Yilokho okuyigulisayo, niyabo, phansi. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

159 Nansi enye into. Unebala kwesokudla sobuso bakho. Ukhathazwe yilokho. Ake ngikutshele enye into. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Umfowethu uthi,

"Yebo, mfowethu."—Umhl.] Unebala enqulwini yakho yangakwesokudla, futhi, phansi kwezingubo zakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. ["Kunjalo."] Uyabo? Uyabo? Manje uyakholwa na? ["Ngiyakholwa."] Hamba futhi usinde. UJesu Kristu uyakusindisa. Hamba, kukholwe. Ungangabazi, nhlobo, mnumzane. Woza ngapha nje, yenyukela lapha, mfowethu. Hamba nje, ukholwa, manje, nayo yonke into izokulungela.

160 Seniyakholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa nje. Kulungile. Lokho, niyazi bengingakwazi.

161 Lapha, woza, dade. Angikwazi. Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba. Uma lokho kunjalo . . . ukuze izethameli zingabona ukuthi siyizihambi, uyabo. Uma . . . Lokhu kufana nje nalapho iNkosi yethu yabonana nowesifazane ngolunyu'suku. Futhi nakhu siyabonana futhi, sibonana emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili esithembisweni saYo, futhi nangu owesilisa nowesifazane ebonana ngendlela efanayo. Angikaze ngikubone empilweni yami. Ngiqagele siyizihambi uqobo, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili.

162 Manje uma uMoya oNgcwele, uKristu phakathi lapha nakuwe, ezokwembula ukuthi yini oyimele lapha, noma into ethize ngawe, ungezwa unomdlandla njengoba kwenza lowo wesifazane ngalolosuku na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Manje oze ngakho lapha ngumkhuleko, nomkhuleko ungowesimo esisebeleni lakho. Kunjalo. Uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho. Manje uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yiliphi ibele na? Yibele langakwesokudla. Kunjalo.

163 Abantu balokhu besho khona lapho, kukhona ongenayo, ethi, "Uyakuqagela lokho." Angikuqageli lokho. Ungakucabangi lokho. Lokho kuyavimbela, niyabo. Manje khumbulani, ningeke nayifihla imicabango yenu manje. Ya. Lokho kunjalo. Ya. Kunjalo.

164 Lapha, ufanele ukholwe, ungumshumayeli, umshumayeli oyinenekazi. Lokho kunjalo, akunjalo na? Kulungile. Hamba, kholwa manje, futhi uzobakahle. UNkulunkulu akubusise. Kholwa nje.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

165 Sawubona? Siyizihambi omunye komunye. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Angikwazi. ["Qhabo, mnumzane."] UNkulunkulu uyakwazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze . . . Usemncane kakhulu kunami. Mhlawumbe owesifazane owabonana neNkosi yethu wayemncane kakhulu.

166 Manje omunye wesifazane ume lapha. Omunye khona lapho ekholwa. Nango ehlezi khona lapho. Unenkathazo esifubeni

sakhe. Ngabe kunjalo na? Uthinte ingubo kabani na? Yakhe. Sekuphelile manje. UJesu Kristu uyakusindisa.

167 Nguye izolo, namuhla, naphakade. Manje lowo wesifazane uqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi, kodwa akathintanga mina. Uthinte umPristi oMkhulu. Aniboni na, bengimfulathele, kukhombisa ukuthi UNgofanayo owenza isithembiso, uyafana nje namhlanje.

168 Uphethwe yinkathazo yemizwa, uguliswa yimizwa impela, ikakhulukazi uma sekuhlwile kusihlwa, u, uma ukhathala futhi ukhandleke. Uguliswa yimizwa ngempela. Bese-ke unokunguphoyizeni emzimbeni wakho. Kufaka uphoyizeni egazini lakho. Kodwa, kunjalo. Bese kuthi-ke unomthwalo ngempela komunye ukuba asindiswe, awunawo na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Yebo, mnumzane, lokho kunjalo. Uyakholwa manje na? ["Yebo."] Kulungile, hamba. Njengoba ukholiwe, makube njalo kuwe. Yiba nokukholwa.

Ungangabazi. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa nje.

169 Sawubona, nenekazi? Ngiyisihambi kuwe, ngiyethemba. Uma lokho kunjalo, ngakho siphakamisa izandla zethu, khona bezobona. Angikaze ngimbone empilweni yami.

170 "UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma iNkosi uJesu izotshela lona wesifazane, khona lapha manje, into ethize ngaye, engingazi lutho ngayo! Awu, siyizihambi, thina, umi lapha nje, niyabo. Kulungile, ungakholwa na? ["Amen."]

171 Uphethwe isisu, siyakuhlupha, uhlezi khona lapho ufake ibhantshi elimnyama. Siyakuhlupha khona manje. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Uyazi ukuthi kungani? Isisu salona wesifazane, naso. Uyabo? Lokho kunjalo.

172 Uyawubona lowamusho omnyama ogijima phakathi kwabo lapho na? Ngudeveli. Uyabo? Uzama ukudeda kuso, uyabo. Angeke. Angeke azifihla kuNkulunkulu. Yileyonto yodwa eqinisekile. SiseBukhoneni bukaJesu Kristu. Ufanele ukholwe. Yiba nokukholwa.

173 Ithinteni na? Ayizange ithinte mina. Angiyazi indoda. Iyisihambi kimi. Ngabe siyizihambi komunye nomunye, mnumzane, angikwazi na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Uyabo? Ithinteni na? UJesu Kristu. Ningehluleki ukubona into ethize.

174 Manje lelinenekazi lapha. Yebo. O, inenekazi lisibekelwe yisithunzi. Ngukufa phezu kwalo. Liphethwe ngumdlavuza, futhi umdlavuza usesiswini nasenanzini futhi. Lona, sebelidelile nje. Liyafa, linomdlavuza. Lelo yiqiniso, akusilo, nenekazi na? Yilokho otshelwe khona. Manje buka lapha. Wena, linye kuphela ithemba onalo, lowo nguKristu.

175 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ikhona into ezongitshela lokho, ayingitshelanga na? Into ethize izongitshela. A—angi, ngingeyazi qobo lwami. Uma ngikutshela ukuthi ungubani, ungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Kungakusiza na? Kungakusiza? Nkk. Crosley. [Udade uthi, "O!"—Umhl.] Manje-ke buyela ekhaya.

176 Niyakholwa na? Bangaki kini abakholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yenu na? Sukumani ngezinyawo zenu-ke bese sikwemukela. Phakamani nje ngqo, futhi nithi, "Ngiyakholwa." Phakamisani izandla zenu, ndawo zonke.

177 Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi udeveli nawo onke amandla akhe angakhuzwa. Kwangathi iNkosi uJesu Kristu, Othembise lokhu kosuku lokugcina, Ulapha manje. Makufezeke, Nkosi, ngalelihora, ukuthi abantu abazukwehluleka. Kwangathi bangabona ukuthi uNkulunkulu yini ayinyakazisa phambi kwabo, ngaphambi nje kokuba kwehle umlilo. Kwangathi leliqembu lika-Abrahama, leNzalo yobukhosi ka-Abrahama, ingaqonda ihora esiliphilayo! O Jesu, Ndodana kaNkulunkulu, thinta wonke umuntu ogulayo phakathi lapha. Baphilise, Nkosi. Kwangathi ukukholwa kwabo kungaqonda ukuthi bami eBukhoneni bukaNkulunkulu owabasindisa futhi oyobehlulela ngaloluSuku. Kwangathi Amandla aKhe angehlela phezu kwabo manje, futhi aphilise wonke umuntu lapha oseBukhoneni bobuNkulunkulu.

